# 10. Izivakashi

"... Into nje mngani wami bengikwazisa ukuthi njengoba kuza uKhisimuzi nje ngizokuvakashela. Bengisafuna ukuba ngihogele umoya wasemakhaya nje nonyaka. Ngethemba ukuthi ngiyobe ngihambisana nesinye isihlobo sami, ngoba phela uma umuntu ehamba ngemoto ibanga elide kuba ngcono kube khona omphelekezelayo. Siyofika ngawo impela uKhisimuzi ngezikhathi zasekuseni nje ..." UKhumfela abuye ayifunde lencwadi evela eGoli. Isho njalo impela ukuthi uyeza uBonginkosi, umfo kaMthiyane, okwakungumngani wakhe besasebenza ndawonye eGoli. Uyazi ukuthi uMthiyane yindoda emi kahle, inamatekisi, kanti kwazona nje izimoto zasekhaya zinhle ngokunye. Baze bejwayelana ngoba uKhumfela kungumuntu onolwazi lokukhanda izimoto, wase ede emsiza uMthiyane.

Nekhaya nje likaMthiyane lalizisho ukuthi kwangena izimali kulona. Naye-ke uKhumfela, ngokwazi ukuthi akasoze afika lena emaphandleni uMthiyane, bese esho ukuthi elakhe linjani, asho nezimali ezinkulu alakha ngazo. Njalo nje kwakuthi uma uMthiyane ethinta eyokuvakashela kwaKhumfela, umfo kaNdlazi asheshe azilalise.

Nakhu-ke namhlanje uthi uyeza uBonginkosi. Akusekho nokuvimba ngencwadi ngoba akusensuku zatshwala ufike uKhisimuzi. UBonginkosi usazi loyaKhumfela owayeyincwancwasi. Kwakunjalo eminyakeni emine eyedlule. Lasuke lashinga iGoli, kwase kuba khona abade bemsola sengathi uthatha ngozwani. Wanele wabona ukuthi abomthetho sebethanda ukumzingela, wacabanga ukubhekisa amabombo ekhaya. Okuyikhona okwamgqugquzela ukuba amonyuke eGoli ukunuka santungwana sengathi kwayena uMthiyane lona unobudlelwane nabomthetho, kanti yena wakoNdlazi akumhluphi ukubathathela kwabona abomthetho uma belele.



Manje uBonginkosi useyeza. Kumele aqale manje ukwenza amalungiselo amancane. Hhayi, kunjani avele ahambe ngoKhisimuzi bangahlangani nhlobo noMthiyane? Nalokhó akusile. Bona abalapha ekhaya bazothini uma enza lokho?

Ngcono nokuba uMthiyane uza yedwa. Manje uza nesivakashi esazi ukuthi siza endaweni ... Asukume ayifunde incwadi. Ahlale phansi, isihlalo sakhe sithi pete pete, nakhu akabange esahlala ngesu.

Lendlu yokuhlala akuyona inezihlalo ezintathu, zonke zipetekile, laphaya ngasemnyango kukhona ibhentshi elinsundu. Lupete. Phakathi nendawo kukhona itafulana elinamabalana okusha. Lipetekile. Phezulu ukhethe nje, kodwa lapha nalaphaya, ude ubona umsebe welanga ungena. Emagumbini phezulu kwakhele ulwembu. Odongeni kulenga isithombe esisodwa okwakungesekhalenda yanyakomunye. Konke lokhu bazokubona oMthiyane. Akusekho futhi manje ukwakha indlu entsha.

Asukume aphumele phandle uKhumfela. Nezwe uqobo lihle isimanga ngalesisikhathi. Kade kuna izimvula ezinhle, yikho notshani nezihlahla kuluhlaza cwe. Ubona izimbalimbali nje ... nemvelo iyazi ukuthi yisikhathi sokubusa lesi, senjabulo.

Uthe uma ebuyisela amehlo akhe lapha ekhaya, lwabuye lwamshaya uvalo lwezivakashi. Ngabe azinjena izinto ukuba imizamo yakhe yaphumelela. Awubheke nje laphaya kuleliyahlozana namanje kusekhona amathambo ehhashi lakhe alithenga ebuya eGoli. Wo, suka ubegqagqamuka unkabimalanga azizwe eyinkosi. Pho ushaya ezinjani izingubo lezi! Nanto-ke ihhashi selilimala beze beliqedela. Emva kwalokho wathenga inqodlana esethi uqala umsebenzi. Kwakuyivenyana nje ayeyisebenzisa ekudayiseleni abantu ukudla akuthenge emakethe. Kwakusengathi kuyachumachuma, kwabhoka ukoma, kwathi nemadlana ayitholayo ayabe isahlala, yangena ebhodleleni. Ngelinye ilanga yama imoto. Aciciyele ivuke izinsukwana, kubonakale ukuthi insimbi edingeka-

yo imali eshisiwe. Ime unomphela imoto. Yabonakala isisekelwe ngetshe. Kwedlula izinyangana, hhayi, kwazalela izinkukhu. Imi phezu kwamatshe nje namasondo onke asaphuma umoya. Nantiya elinye selaqhuma, selide lidlala izingane.

Emva kwalokho wathenga ibhayisikili elinenqodlana. Waqhubaqhuba ngalo, lwabhoka ukhamba. Lama ibhayisikili. Nantuya uhlakana lwalo lweyeme ngenqola yemoto.

Kumanje nje usehlale ezifakele iovaloli eluhlaza. Nokuba izingane ziyaphila kungenxa kanina osebenza kanzima. Yena usede ephenduka nesicelu nje uma kungekho muntu othi akazomkhandela imoto elimele.

UMthiyane yena akakwazi konke lokho. Uzovakasha nje kuphela . . . nomngani wakhe.

Kuthena esemi lapho, qhamu uMaDludla, inkosikazi: "Wo, waze wama-ke nawe Baba. Wamisa okwesikhulu isikhumukane saseSihlambi."

"Hheyi, ungazixabanisi nami wena MaDludla! Uyezwa? Ungazixabanisi nami. Uyangibhuqa. Awusakhumbuli ukuthi konke ebengikuzama bengithi ngifuna size sibe ngabantu abami kahle nathi, singalokhu sibukelwa phansi?"

"Hawu, Baba, kanti akusancokolwa yini manje?" ubuza ngokudangala uMaDludla.

"Uma kuncokolwa ungancokola ngokuthi ngiyisikhumukane, ungibhuqe ngoba sengawa nganjena? Sekuphele amancoko yini?" Hawu, usethukuthele impela njalo?

"O, ngiyaxolisa-ke Baba. Ngiyabona ukuthi ngincokole ngosuku olubi namhlanje umoya wakho ungakhululekile. Kukaningi ngincokola ngokuthi uyisikhumukane ungaphenduli kanje."



"Umoya wami ungakhululeka kanjani uma kuthi namhlanjena nje ngithole incwadi evela kumngani wami waseGoli engitshela ukuthi bazongivakashela ngoKhisimuzi? Uthi lokho kungangijabulisa senginjena? Woza uzozibonela incwadi."

Baphindele endlini nangempela bakhombisane incwadi. Nangempela isho khona ukuthi kukhona izivakashi ezimbili ezizofika khona lapha ekhaya ngoKhisimuzi. Kwasuke kwahlwa nje naku-MaDludla. Ngcono nokuba bazokhathazeka ngokudla kuphela. Akukho nje okuqondile. Pho bazozenzenjani izivakashi eziphakeme kanjena?

"Senzenjani-ke uma kunjena yise ka Vubamasi?"

"Senzenjani kwani? Uthi senzenjani kwani MaDludla ngoba lababantu bayeza ngesonto elizayi, beza lapha ekhaya?"

"Yikho phela ngibuza ukuthi senzenjani-ke uma kunje."

Avele anxaphe uKhumfela aphumele phandle. Ame eduze kwendlu asonge izandla. Akhumbule ukuthi ubezisonge kanje izandla ngenkathi uMaDludla ethi umise okwesikhumukane. Abesezehlisa zilenga emaceleni. Hhayi, akasuke nje lapha ashaywe ngumoya Ahambe kancane aze aphume ngentuba athi ukuzulazula. Enhla komuzi afice izingane zidlala othulini. Sekuyizintuqasana. He, konje nakho kumele kubukeke kahle ngoKhisimuzi! Nanko umsebenzi. Acasuke, edlule.

Kanti wedlula nje izingane, oVubamasi, sezizoba nomhlanganywana wazo. Zizwile ukuthi ontanga bathengelwe izingubo ezintsha zikaKhisimuzi, sekusele ukuba kufike lona usuku nje, kugqokwe. Izingane zikaKhumfela sezithi-ke ngoba ayihhoywa nje eyezingubo lapha kubona, azihambe ziyocela. Kodwa-ke ngeke zahamba zonke ukuyocela, futhi akumele ziqale kubaba. Azingene ngakumama. Zanquma-ke ukuthi kuzothunyelwa inxusa, kube ngomncane kuzona ozoya kunina, mhlawumbe yena uzovusa umunye kubazali, bathenge izingubo.

Uthe esahambile uKhumfela, kwahamba okuncane kwaya kunina. "Mama ngithunywe ngabanye bathi angizocela ukuba nisithengele izingubo ngoKhisimuzi."

"Hhayi, thula nje wena mntanami, uzofika ubaba ngikhulume naye. Hamba uyodlala." Kuphume ngejubane sekujabula okuyingane ngoba kuye kunovalo lokuthi kungase kuthethiswe. Kuzoxoxela nezinye ukuthi kuhambe kanjani.

A, nanguya esebuya uKhumfela. Okuyizingane kuqheluke ngakulelisango azongena ngalo ukuze angakuboni. Angene endlini. UMaDludla ethule isicelo sezingane.

"Kodwa ungenwe yini lomfazi? Ungathi ubona ukuthi simi kanjani ube uvunana nezingane nithi akuzocelwa izingubo lapha kimina?"

"Bengizokwenzenjani-ke mina uma ngithunyiwe?"

"Awusakwazi ukutshela izingane ukuthi izinto azikalungi kahle, izingubo lezo siyobuye sizithole?"

"Kulungile phela sengizoyobika lokho ngoba yiyona mpendulo engiyithola kuwena. Kumele sithenge wona amasaka siwathunge senze izingubo. Kodwa yise kaVubamasi . . ."

"Ngizokuvuba ngenduku-ke uma ungezwa," esho esondela kumkakhe emdlukuza ngamawala emtshela ukuthi useyeyisa manje. Kuze kuthi hlusu nakuMaDludla, ethuke esedudule uKhumfela ngamawala, gengelezi indoda. Bathe bezwa kwakusuka olukhulu uhleko eduze kwendlu. Kanti konke lokhu kwenzeka nje izingane zilunguze ngezimbotshana ezisodongeni. Zibona uyise ewa imilenze ibheka izulu. Zahleka zabaleka.

Zithe uma zifika ngaphandle, intombazana lena isilingisa abazali. Bakhombana ngeminwe. Ithe isuka intombazana yayimdudula



uVubamasi eze ewa, ephakamisa imilenze isikhathi eside, zigegetheke izingane.

Uthukuthele ufutha ubala manje uKhumfela. Kulapho kufanele aqale manje ukuthatha izinyathelo eziphilayo mayelana nezivakashi zakhe ezizayo.

O, akuzukuba nzima kakhulu ngakuye ngoba isekhona isudu esentsha asuka nayo eGoli. Akakaze ayigqoke. Neyembe elimhlophe elilodwa lisekhona, nezicathulo. Cha, uyogqoka. Ukuthi nje kodwa uyakhumbula ukuthi lesudu yayithanda ukuba nkulu kancane kuyena. Nokho-ke akuyukubabazeka.

Ingxaki ngunina wezingane nazo izingane, bese enye inkinga kuba ukudla-ke. Mayelana endlu, kuncane abangabe besakwenza. Izivakashi bazozitshelatshela okuthile nje, zikhohliseke.

Pho imali angayitholaphi? Nabantu balendawo sebeyamazi. Ngeke besamsiza. Konje inkosikazi ihlale inayo imadlana eyithola ngemisebenzi yezandla. Akumali nengakanani-ke nalena. Kudingeka imali njengemali. Konje eseseGoli wayevame ukuba nenhlanhla emahhashini. Wamamatheka yedwa esekhumbula amahhashi. Njengoba kuzoba nguMgqibelo nje ngomhlomunye azobe egijima. Akhona amathathasela lapho angabheja khona.

Lamkhanyela isu. Uyazi lapho aye ayibeke khona imali uMaDludla. Uzoyeba ekuseni ngoMgqibelo ayobheja ngayo. Ucilo angazishaya endukwini athole imali engumthanyana, kuthi ngoMsombuluko kuyothengwa okuningi ezitolo. Uyothi ufika uKhisimuzi ngoLwesibili, kube sekungasafani. Namhlanje akaphuthume ayofuna amaphepha akhuluma ngamahhashi ukuze ahlole ukuthi yimaphi angase aphume phambili.

Walithola iphepha. NangoLwesihlanu wabuye wathola amanye futhi. Lonke usuku ngoLwesihlanu uhlezi egqunyaneni ngenhla komuzi ubukisisa ukuthi ngabe yimaphi amahhashi okusoleka ukuthi angawina. Ahlole ahlole, aze awabhale lawo angase awine.

Likhona aseneqiniso ngempela ukuthi lizophuma phambili, uZula-zula. Negama nje lalelihhashi limnandi: Zula-zula! Ethuke eselibizile: "Zula-zula!"

Akayithinti njalo kumkakhe ebusuku eyokuthi uzoyobheja ngakusasa. Ufuna ukuba amethuse ngenyakanyaka nje yamaphepha emali. Pho-ke uma umqondo unamathele entweni unamathela noma umuntu eselele. UMaDludla wethuswa ngumsindo laphaya embhedeni kaKhumfela: "Woza Zula-zula, woza wena Zula-zula, Zula-zula!" Yehheni bantu! Sekungowaphi-ke loZula-zula obizwa nguyise wezingane? Athi ukuzibaziba, aqale futhi uKhumfela, kunsegeze nombhede manje: "Woza Zula-zula!" Aze ehle kulona owakhe umbhede uMaDludla ayonyakazisa umyeni wakhe. Anele amnyakazise asho kanye athi: "Zula-zula!" Bangakhulumi. Babuye balale.

Ngakusasa ekuseni azibe nje uMaDludla. Kuze kuthi sebedla ukudla kwasekuseni, asho uKhumfela ukuthi usathi shelele ukuyobona abangani bakhe ngasedolobheni.

"Bala bo, siyaluzwa phela nodumo lwawoZula-zula labo . . . . ."

"Hhi? Uthini MaDludla?" Usemi ngezinyawo uKhumfela, uyakhohlwa nje ukuthi ngabe usebone ngani uMaDludla ukuthi kuzobhejelwa uZula-zula.

"Awungitshele Baba, ngubani uZula-zula?"

"Ungibu-, ungabuza mina ingani nguwena ongitshela lelogama?"

"Pho yini uthukuthele uma ngiphatha lelogama?"

"Uthi angikuzwa ukuthi kukhona ogudlisela kukho? Hheyi uma ungafuni sixabane shono manje ukuthi ulithathaphi lelogama." Uthukuthele impela manje umnumzana.

"Kahle ukuthukuthela kangaka Baba. Ingani ngize ngakuvusa ebusuku ngikuzwa ulokhu ubizana noZula-Zula?"



Akaze asho lutho uKhumfela. Wathi sithe ekamelweni, waphuma esefake enye iovaloli. "Ngisahamba," esho ebheke esangweni.

"Phela nibatshele bangesabi, basivakashele nje ngelinye ilanga oZula-zula labo," washo engena endlini noMaDludla. Wama uKhumfela ekhohlwa ukuthi uzothini. Wase ehamba.

Kuthena uma esethi uyobheka imali yakhe uMaDludla, wafica sekusele ubala. Ngabe ishonephi? Ngabe yizingane? Akukho neyodwa ingane eyaziyo ukuthi ikuphi imali. Ngabe uyise? Angakwenza kanjani lokho uyise kaVubamasi ngoba uyazi ukuthi lemali yiyona ebheke umuzi njengoba yena esefana nomahlalela nje? UZula-zula! Ehhene, 'kusobala ukuthi uyobona leligugu lakhe elisha elinguZula-zula. Kokunye yilona eliyothengelwa isipho sikaKhisimuzi. "Ngalemali engiyijulukele kangaka pho! Ingani nezivakashi bezingezukulibona lonke ihlazo lapha ekhaya uma bekuzociciyelwa ngalemali. Bezizotholakala izingubo zezingane nokudla okubhekabhekile. Hawu, uthi akasehlanya uyise kaVubamasi?"

Ubuza bani ngoba nanguya uKhumfela esebheke lapho kufakwa khona imali yokubheja? Hhayi, angayinaki nje eminye imijaho. Ubheke okugijima kuwo uZula-zula. Ayifake yonke imali. Ahambe ayohlala buqamama ethunzini. Iqale imijaho eminye, alalele lapho amahhashi ebizwa embhojeni. Cha, umbona ebheke phansi nje kanti ubabiza bonke oyisemkhulu ukuba babe naye angabi yinhlekisa ezivakashini lezi ezizayo. Ubabiza aze abize nalabo angasabazi ngamagama. Uze enze nezethembiso ukuthi uma ngabe uyaphumelela namhlanje, uyohlaba nembuzi, ehlabela bona nje abaphansi ngoba sekuyisikhathi ababulala ngendlala engabanaki.

Waze wafika umjaho, wasondela embhojeni. Cha, ukhululekile nje. Unesinye isibindi. Abizwa amahhashi. Zibekwa nje kwakubizwa uZula-zula. Bathi: "Zula-zula, Zula-zula . . ." Kuthi noma ekhona amxinile amahhashi kuzwakale ukuthi uphambili kakhulu uZula-zula. Usede egxuma njengohlanya uKhumfela, kungubu-

khwahlakhwahla iovaloli, ememeza: "Zula-zula!" Ahambe uKhumfela ayohola imali yakhe ewindini. Uyibulele imali. Nomkakhe ngeke esathetha kakhulu.

Athi angahamba, athi ake edlule lapho kudayiswa khona utshwala akathi ukuyikhipha ishwa lemali yomjaho ngokubamba ibhodlelana elilodwa nje. Nakho-ke eseficana nabantu abaziyo abanye sebeze bemthengela utshwala. Liqhubeka nje ilanga kuyaphuzwa.

Kwathi kuhwalala uMaDludla wamuzwa umyeni wakhe eza ehlabelela le ngaphesheya. Ushaya igama alithandayo uma esehabulile elithi: "Ngiyamphekela, ngiyamwashela, ulel'ulova."

Izingane-ke zona zijabule ngoba uye azihlekise uyise uma emnandi kanje. UMaDludla sekuthi akasakazeke ukuthukuthela. Asondele aze angene endlini lapha umnumzana. Uselokhu ephindaphinda: "Ulel' ulova, ulel' ulova . . ." Uyaxinga manje omdala aze atalase, atalasele abalapha endlini esebheke odongeni.

Uthe lapho eyeka khona, wayeseqala indaba kaZula-zula. Usesho ukuthi yihhashi abeyolibhejela. Manje-ke uletha imali. Akhwathaze ephaketheni. Ayisekho yonke imali. Kwangathi buyasa utshwala. Wakhamisa. Waphumputha kwelinye iphakethe. Ayikho. Kusobala ukuthi kuthena esenomusa abafana bazithathela nje. Kwalalwa kungakhulunyiswana.

Sekuthe nje ngci inkungu manje. UMaDludla usefikelwa wukuthi akavele ahambe athi uvakashela kubo kunokuba abhekane nehlazo elinje. Kuthi noma ekucabanga lokhu ebusuku, ekuseni abone kungafanele. Makabambelele nje noma indoda isimenzela phansi kanje. Noma kuba khona ukuphoxeka kuyaziwa ukuthi kuyosolwa yona indoda.

Namhlanje yiSonto. Uvuke ekuseni uKhumfela. Uthe ebuya wabe esephethe umcako omhlophe. Akakhulumi namuntu njalo. Useqala ukucaka indlu yakhe lena.



"Kodwa yise kaVubamasi uthi kufanele ukuba usebenze noma ubona ukuthi yiSonto? Bazothini abantu?"

"Awuboni wena ukuthi ngixinekile? Awazi ukuthi nakhona esontweni bayasho ukuthi uma imbongolo ibhajwe odakeni ayiyekwa ifele khona ngoba kuyiSonto; iyakhishwa?"

Azithulele umntakaDludla aqhubeke nemisebenzi yakhe. Lithi uma liphakama ilanga, agqokise abantwana baye esontweni, asale umnumzana ecakana nomuzi. Babuya useqhubekile. Useqala ngaphakathi manje.

"Asazi-ke yise kaVubamasi. Ngiyabona ukuthi izivakashi seziyodla zona izindonga lezi ezimhlophe . . ." Wathi engakaligwinyi wabona into ithi nje shalu phambi kwakhe, kanti kuthe xhifi kumnumzana, wajikijela inkosikazi ngebhulashi laze layophonseka emlilweni. Azibonele uMaDludla ukuthi kuyashisa, athi phangqu. Kube ngumuntu oseyocokosha ukuze isale ibohla ingwe le endlini. Nanamuhla kulalwe izulu liguqubele.

NgoMsombuluko ayaluze uMaDludla. Uhambe eya kubangani bakhe ethekela ukudla. Bamzwele-ke atholathole okunye. Abuye azoxovuza izingubo zakusasa. Awashele izingane. Nazo zilokhu zibelesele ngokuthi kanti azizukuthola lutho yini olusha. Azibazibe uMaDludla. Umnumzana usenqume ukuthi ngcono abe yibhubesi nje angangeneki. Uma unina wabantwana ebuza ukuthi into ethile iphi, uzombona uyise kaVubamasi ekhomba ngesandla. Uma kumele avume, uzovele anqekuzise ikhanda. Umfula udla izindwani. Uzidla nje kodwa awusibambile isikhathi esiphikelele kuKhisimuzi.

Lishona nje uMaDludla usezishise kahle izingutshana ezindala zezingane, nezabo abazali. Nenkukhu ezophekwa kusasa isiboshelwe ensinjaneni yemoto le eseyephuka. Kutholakele ilayisana nokunye. Selikhona ithenjana. Abantu abaseyikudla zona ngempela izindonga ezicakiwe!

Ngaphambi kokuba kulalwe, kwasengathi umoya usuqala ukuba ngconywana lapha ekhaya. Nomnumzana usebeka okuzokwenziwa kusasa: "Uyabona-ke MaDludla, bayofika ekuseni oMthiyane. Bayothi befika kube sekukhona ukudlana okulula abangakuthola. Ngibona ukuthi nxa bengakhathele kakhulu kuyothi uma sekufika isikhathi sesonto sihambe nabo siye ngakhona, noma ngazi nje ukuthi sekade ngagcina. Lapho sesiphuma lapho siyothi ukuzulazula, ngisho ukuhambahamba ngemoto yabo ngenkathi wena usubuyile ukuzolungisa ukudla kwasemini. Inkukhu leyana ungayihlahleli. Uyipheke nje iphelele. Iyoze ibekwe injalo ogqokweni bese kuba yibona-ke oMthiyane aboyikhwelela ngemimese. Kukhanya kahle lokho?"

Avume unina wabantwana. Uvuma ngovalo olukhulu ngoba kuyena usuku lwakusasa luza nenkulu impoxo lena.

Ekuseni kwezwakala kukhala ifosholo ngasesangweni. Kukhona indawana aseyibonile umnumzana ukuthi ifanele ukucentwa. Ucenta acente abuye aphakamise ikhanda abheke le lapho kuqhamuka khona umgwaqo. Phela kungenzeka nje basheshe bafike oMthiyane.

Kuthe uma liqala ukufudumala, kweza izingane lapha ekhaya. Zifake izingubo ezintsha. Zizokhombisa ontanga. OVubamasi akusavumi nokuba baphumele phandle. Bacashe endlini. Kulapho nonina uthena ngeke asheshe azikhiphe izingubo lezi azilungise izolo, funa zithi zifika izivakashi kube sekungcole konke.

Uyajuluka uKhumfela. Usaphethe ifosholo. Uya ngakuMaDludla lona olokhu egezana nezimbiza. "Manje MaDludla sengizogeza nami ngihlale sengilungile. Sekuyakhanyakhanya lapha ekhaya. Into nje ngizohlala khona lapha emnyango ngibheke ukuqhamuka kwemoto laphaya egqumeni. Sengiyonele ngiyibone, ngiqale ukugqoka ukuze bafike oMthiyane zingakashwabani izingubo. Nawe ngibona ukuthi kumele wenze njalo. Ngumuntu oqaphelisisayo uMthiyane. Kungakuhle asifice sihlanzekile noma simpofana nje."



"Izingane-ke Baba?"

"Nezingane sizozitshela uma sekuyisikhathi sokugqoka."

"Kulungile Baba," uphendula ngezwi elingeneme nelinokungabaza.

Sihambe isikhathi. Uhlezi phandle uKhumfela. Ubheke le ezintuthwini eziqhamukela lapha. Sihambe isikhathi. Usephazanyiswa ukukhala kwezingane. Uma eyobheka ufumanisa ukuthi zonke amehlo azo abomvu. Zimtshele ukuthi zona azinazo izingubo ezintsha zikaKhisimuzi. "Hheyi, uma ningathuli nina ngizoniphohloza ngesagila khona manje. Kenikhale nje, nizongifunda kahle!"

Uthe uma ebuye ephuma, wabona imoto isiqhamuka eduzane. Hawu, kuthe esathethisana nezingane yabe ithushuka le kude yabuye yasithela ingabonwa muntu!

"MaDludla!" useyagijima.

"Baba."

"Sheshisa-ke manje. Nansiya imoto isiqhamukile. Tshela nezingane zisheshise ukugqoka. Asigqokeni masinyane." Wayegulukudela endlini njalo eseyogqoka. Alifake ibhulukwe. Uyakhumbula ukuthi lalithanda ukuba lide, futhi lilikhulu kuyena. Athi engakalibophi nakahle afake iyembe. Ezwe sengathi isidumela eduze imoto. Afake amasokisana nezicathulo. Nazo akusekho thuba lokuzibopha. Adumele uthaya, abophe masinyane. Afake ibhantshi. Wo, nalo likhulu. Atatazele ayobheka ukuthi izingane zisheshisa kanjani. Ufumanisa uMaDludla usazithele ngabandayo nje.

"Kanti awusheshisi MaDludla?"

"Ngizobe ngisheshisani Baba, ngoba njengoba lengubo isindala nje ngizothi ngiyifaka ngomjaho ivele idabuke?"

Anxaphe uKhumfela ayongena endlini agqokela kuyona. Hawu, ezwe isima esangweni imoto. Athi lungu ngewindi. Nangempela yilona uhuntshu olubhalwe ukuthi T.J..

Ngcono asheshe aphume ayobahlangabeza. Athi uyahamba, lehle ibhulukwe. Konje ubengakalibophi kahle ngebhande! Cha, akasale esethekelezela ngananku umfingqo kaMaDludla. Uzombozwa yibhantshi. Uzobuye alifune ibhande esezinzile, nabantu sebesendlini. Abophe. Athi ukuziphulula kancane, aphume.

Uphuma nje uyazibonela ukuthi lezizingubo kungathi ngezokwetshelekwa. Ungathi kwembathiswa uthi uqobo. Uma ephuma emnyango amamatheke noma esakhefuzela. Amemeze kakhulu: "Hawu, senifikile Mthiyane!" Ahwabhuzele abheke phambili. Bese ekhumbula ukuthi ubengazibophanga izicathulo. Nokho aqhubeke. Bese esheshe exolisa bengakabingelelani nakubingele lana nezivakashi: "Ewu, senifika sisathi siyagqoka nje ngoba sekuyisikhathi sokuya e-." Akaze aqhubeka. Wama. Wakhamisa. Wahlahla amehlo. Ubheke lomlisa omunye ophuma emotini kaMthiyane.

Nalomlisa avele athule babukane noKhumfela. Kuthe kusenjalo, uKhumfela waqala ukuhlehla. Wahlehla. Wahlehla. Wahlehla. Waphenduka, wase ebalekile esebheke enhla komuzi. Wathi sithe ngomkhehlekhehle wemoto. Mamo! Kanti lendoda ebebebukana nayo iyamlandela, iyamxosha! Hhayi, wasuka ejeqeza ngemuva. Iyalandela lendoda. Nguye loyana uKhumfela ebheke emhosheni. Ilapha lensizwa. Wafika emhosheni wathi qalaqala, ayikho enye indawo angase acashe kuyo. Gxumbu phakathi esizibeni. Wangena wasondela ngasemsingeni waveza ikhala. Kanti lona obexosha umbonile. Wafika wama phezu kwakhe nje wathula wathi du, wazibukela ikhala leliya elivele.



Sebebonile nabantu bakweminye imizi ukuthi kukhona isidumo esisuke kwaKhumfela. Angithi bayibonile ifika imoto eluhuntshu ebebetshelwa ngayo. Nabo sebelandela bethi bhu ngemva kwalabaxoshanayo. Sebeze bema ngenhla kwesiziba. Aze azidele aphume esizibeni uKhumfela. Uphuma isudu lena sekuthe tshovo. Anele aphume, lensizwa imuthi xhakathisi ngezihlakala. Nanso imihlola! Imfake ozankosi. Imdonsele ekhaya. Nomchilwana lona kaMaDludla usuqaqekile, uKhumfela ibhulukwe uselokhu eliphakamise ngezandla zombili.

NguMthiyane osebachazela ukuthi lona obamba uKhumfela ngufokisi owebelwa nguKhumfela izingubo kanye nemali eningi ngaphambi kokuba uKhumfela asuke eGoli. Lofokisi, uNsizwana, yisihlotshana noMthiyane, kodwa uKhumfela wayengazi ukuthi bayazana laba ababili. Kwaba khona ukusolela kuKhumfela ukuthi nguyena lona obulele uNsizwana ngokushaqa konke. Nokho lalingekho iqiniso kahle. Kwahamba kwahamba waze wathi uzoke ahambe nesihlobo sakhe bavakashele uKhumfela. Ngoba uNsizwana wayembonile kancane owayemsola kodwa naye engenaqiniso, wathi nakanjani uma kunguyena uKhumfela uyombona. Uma ngabe akuyena-ke sebeyosale sebevakasha nje, babone indawo abangayazi. Nakhu-ke sebefika bemfumana efake yona kanye isudu kaNsizwana.

Hhayi-ke, bamnika ithuba lokuba akhumule izingubo ezimanzi afake yona iovaloli yakhe yemihla, kuhanjwe.